Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI** | | |
| **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO** | | |
| **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14 |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 17 |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 20 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE** | | |
| **Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'USihawu Nesihawu' | 18 | 23 |
| 7.2 'Mhla Liduma Laduma' | 17 | 24 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO** | | |
| **Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Kuyosala Izibongo?' | 17 | 26 |
| 8.2 'UNozidumo' | 18 | 27 |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

'Hhayi-ke malume, nami ake ngihlawule amabele kadadewenu engawenza aba yimijwaqu ngananti iphepha elibomvu. Uxole malume, kulokhu umuntu akakwazanga nokuthi akuphathele nokuyinkantini.'
'Awu ungizalile mntakankehli. Bekuyini okuyinkantini kunemali, into ebuye isibangele izifo lena?' 'Cha, mshana, usuyosibonela nathi kodadewethu, usidungulele nalo mkhuhlane womzawakho, usho ukuthi bengisazomazisa.'
'Ngiyomazisa Mkhumane ayikho inkinga. Hhayi-ke kuhlwa ngomnyama, umuntu kuyoba kuhle atotobe kusakhanya.'
'Sibongile mshana ukuzosibona, konke kusemandleni okuphila, ubudoda yibo lobo mntakadadewethu. Noma sesingafa siyokwazi ukuthi sinishiye nazana ukuthi niyazalana.'
Behlukana uZondiwe ethembise ukuthi useyothi uma esehla ephindela eThekwini, adlule ngaseMpangeni abone umzawakhe owayesebunzimeni. Wahamba ephindela ekhaya inhliziyo yakhe ibuhlungu idangele ngomzawakhe uSandanezwe. Wafika nasekhaya wabalandisa ngezindaba ayezithole koninalume wakhe.
Zahamba zaphela izinsuku zikaZondiwe, kwadinga ukuthi aphindele emsebenzini. Kwadingeka edlule kuSandanezwe njengoba wayethembisile kumalume wakhe. Nebala wazibamba izinqola ezehlayo, zehla naye njalo zaye zayombeka eMpangeni. Esefikile kwesakwaMadlebe akumthathanga sikhathi ukuthi athole umuzi ayewufuna kwazise kwakuwumuzi wenyanga edumile, waziwa nayingane encane. Ekufikeni kwakhe kwaMbeje, wabuza uSandanezwe, nebala bamyalela ilawu ayehlala kulo.

1.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini uZondiwe ayinikeza uMkhumane ngalolu suku? (1)

1.2 Wayesebenza kuphi uSandanezwe ngaphambi kokuba ahlaselwe ukugula? (1)

1.3 Wayenezingane ezingaki uMkhumane? (1)

1.4 Yisiphi isithembiso uZondiwe asenza kuMkhumane ngalolu suku? (2)

1.5 Tomula umusho ophelele osikhombisa ukuthi uZondiwe wayephatheke kabi ngesikhathi esephindela ekhaya. (2)

1.6 Umnumzane wahlawulisa uyise kaNomgedla izinkomo ezinhlanu. Bhala ngephuzu ELILODWA usho ukuthi wahlawuliselwani. (2)

1.7 Yiziphi izizathu ezenza umama kaSandanezwe angavumi ukuthi indodana yakhe iphindele esibhedlela emva kokuhluleka kwamakhambi kaNonkamfela? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.8 Chaza ukuthi wamukeleka kanjani uSandanezwe ngesikhathi efika emzini kaNonkamfela. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.9 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

Nebala wazibamba **izinqola** ezehlayo, zehla naye njalo zaye zayombeka eMpangeni. (1)

1.10 Uyavumelana yini nokuthi umxoxi kule noveli uwuhlobo lomlandi olubizwa ngosazikonke (umlandi wesithathu)? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.11 Hlaziya le noveli: Ithemba Lami, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

Bhala iphuzu ELILODWA ngesihlokwana ngasinye.

1.11.1 Uvuthondaba (2)

1.11.2 Isisusa sodweshu (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

Wacabanga ukuthi athole abantu ayengabathuma kodwa waxakwa ukuthi naloyo muntu kuyofana nokuthi uhambe ngesandla sakhe. Into eyayibangela ashikashikeke kangaka omdala, yingoba lo muntu ayemelapha, odokotela base besikaze ukuthi unengculazi. Ngakho-ke wayemagange efuna ukuphakamisa igama lezinyanga ukuthi asikho isifo esehlula izinyanga ngisho sesibehlulile odokotela. UNonkamfela wayazi ukuthi abantu sebancamela abamhlophe badela izinyanga zakubo ngenxa yobuwaka obukhona kwezinye izinyanga zigagamela into noma zingayazi zethembe ukuthi cishe ucilo angethuka uzishaya endukwini.

Ekubonaneni kwabo noSandanezwe wamlandisa ukuthi, 'Mfo kaMkhumane, indima yokuqala yalo msebenzi wethu sengiyigojele. Osekusele manje yikhona osekuthanda ukuba umqansa, kodwa-ke izinyanya zakithi ngeke neze zingilahle. Ngiyethemba ukuthi zizongikhanyisela ukuthi leso sitho esesisilele sizotholakala kanjani.'

'Akukho baba Mbeje okwehlula ukuhlala ethembeni.'

'Kunjalo fana, futhi-ke abaphansi abavamisile ukuthi umuntu bambonise into engelona iqiniso. Kodwa-ke uma loyo muntu owelashwayo kwenzeka eba nedlozi elibi elivalayo lingafuni elashwe kuyenzeka.'

'Hhayi-ke, mina nje angikholwa ukuthi ukhona kwabakithi ongavala izindlela zami ngoba angikaze ngibone ngalutho nokudla ngihlale ngibenzela.'

'Cha-ke uma kunjalo, asethembe mfo kaMkhumane ukuthi izinto zizohamba ngononina. Khululeka, usuyozwa ngami futhi uma sengikudinga.'

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.12 Ngokwalesi siqeshana osifundile ukwelapheka ngempumelelo kukaSandanezwe kwakuzoba wusizo kanjani kuNonkamfela kanye nabanye abelaphi bendabuko? (2)

1.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo ngumbhali emgqeni we-10 ukuya kowe-15. (2)

1.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.14.1 uZondiwe | A umakhelwane kaMzulazula |
| 1.14.2 uNdebele | B umama kaNokulindela |
| 1.14.3 uMaZikalala | C umthandazi wasendaweni |
| 1.14.4 uSiwela | D usebenza eThekwini |

(4 x 1) (4)

1.15 Yimiphi imiyalezo eyethulwa umbhali kule noveli? Bhala EMIBILI. (2)

1.16 Ukuba wena wawungumngani kaSandanezwe wawuyothini kuye ngesenzo sakhe sokuqonywa izintombi eziningi ngesikhathi esisodwa. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.17 Chaza ukuthi kungani uzwelana nomndeni wakwaMchunu kulesi simo sokugula kwendodakazi yabo uNokulindela. (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

### ISIQESHANA C

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-C no-D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

| |
|---|
| Ukuxabana kwezinsizwa ngasemakhaya ngoKhisimuzi kwenza ukuba impi ingapheleli emakhaya ngoba uxolo lwalungenzekanga. Ziphindela nje izinsizwa emsebenzini, izinhliziyo zibomvu akukhulunyiswana. Kufihlelwene induku emqubeni. Olunye uhlangothi lwalwehla lwenyuka luthenga izibhamu **zomgunyathi** ngoba befuna ukuziphindiselela ingcabha ingagcini kubona. Akutshelwana uma kukhona abazohlasela, ngakho-ke abanye babona ngoba sebembozwa impi. Ngalelo langa behlaselwa, uManyoba wayesebenza ebusuku. Wafika ekuseni sekukhona ababe sebefile, sekugcwele ezikadalawane emagcekeni ehostela. Uma ebuza ukuthi kwenzenjani, bamtshela ngokwenzekile, washaqeka wacishe wawa phansi uvalo lokuthi ngabe naye ungomunye mhlawumbe walaba abafile. Kwake kwaba muncu isikhathi eside kunohlevana kubahlali basehostela. Ngenhlanhla nje kwakungabangwa izwe, kwakungamagqubu nje ezinsizweni. Ezinye zezizathu ezamenza wafuna ukushiya umsebenzi eGoli ayosebenza ePitoli. EGoli izinsizwa zokuhamba zazivamise ukuhamba ngambili noma ngantathu ngoba zazikhuthuzwa noma zigetshengwe otsotsi. Ngesikhathi sabo kwakukhona amaqembu otsotsi anjengoMsomi namanye ayedume ngokubulala, umuntu atholakale edindilizile esefile emgwaqweni. Isikhali esikhulu sokubulala kuqala, kwakuwummese noma kube untshumentshu. Into embi kakhulu eyayenzeka emadolobheni, ukuthola umuntu enqunywe intamo kungaziwa ukuthi ubulawe ubani. |

2.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyayidala ukuthi ukuxabana kwezinsizwa ngasemakhaya ngoKhisimuzi kungapheleli emakhaya? (1)

2.2 Wayesebenza kuphi uManyoba ngaphambi kokuba ayosebenza eGoli? (1)

2.3 Wayenezingane ezingaki uManyoba? (1)

2.4 Ngokwalesi siqeshana, yiziphi izikhali EZIMBILI ezazivamise ukusetshenziswa otsotsi uma begebenga abantu? (2)

2.5 Tomula umusho ophelele osikhombisa ukuthi uManyoba wafika sekugcwele amaphoyisa lapho ayehlala khona. (2)

2.6 Kungani kwakunzima ukuthi uManyoba ahole imali yempesheni kahulumeni eyisibonelelo sabantu asebekhulile? Bhala ngephuzu ELILODWA. (2)

2.7 Yiziphi izizathu ezenza ukuthi uManyoba angayi kobikela amaphoyisa ngesigameko asibona senzeka emgodini wemayini lapho ayesebenza khona? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.8 Chaza ukuthi wamukeleka kanjani uManyoba ngesikhathi efika ehostela eGoli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.9 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

Olunye uhlangothi lwalwehla lwenyuka luthenga izibhamu **zomgunyathi** ... (1)

2.10 Uyavumelana yini nokuthi umxoxi kule noveli uwuhlobo lomlandi olubizwa ngosazikonke (umlandi wesithathu)? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.11 Hlaziya le noveli: *Kusinda Kwehlela Endodeni*, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

Bhala iphuzu ELILODWA ngesihlokwana ngasinye.

2.11.1 Uvuthondaba (2)

2.11.2 Isisusa sodweshu (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

Wasuka lapho lo mseshi ozisebenzayo, waya komunye unesi abacishe balingane naye, wacela ukuba amboleke inyufomu yakhe ngoba kukhona umuntu afisa ukumsiza, uzoyibuyisa ngalo lelo langa. Wamnika, waphuma waya ekhaya. Wafike wayilinganisa le nyunifomu. Yathi ukumpintsha kancane lapha nalaphaya kodwa wayigqoka. Wasuka umseshi ngemoto yakhe. Asuka amaphepha imoto ibheke kwale ntombazane. Bathi befika babona lo baba ehleli emnyango efunda iphepha.
'Sawubona baba kaCeli,' kubingelela unesi. 'Yebo nesi,' kuvuma indoda esimidwayidwa. **Isukile egadeni**, ibonakala futhi ukuthi isike yadliwa inkemane isikhathi esijana nokho.
'Cha ikuphethe kahle indodakazi le. Kambe uthe unguyise kaCeli, akekho omunye ohleli naye mhlawumbe wena ungumngane nje kayise?'
'Cha yimina uyise kaCeli. Nginganisiza ngani?' 'Awu! Baba sekuvele inhlekelele yengozi lapha. UCeli ulimele kakhulu impela. Manje kudingeka igazi elININGI ukuze kuphephiswe impilo yakhe,' kuchaza unesi.
'Manje ikuphi phela inkinga lapho ngoba igazi liyatholakala ezikhumulweni zalo nje? Aniyi ngani khona nisindise ingane yami na?' kubuza leli khehla libahlahlela amehlo.
'Konke lokho sekwehlulekile. Kuwona wonke lawo magazi alikho elingamsiza, sekufanele sicele umuntu **oyigazi lakhe** ngoba yilona kuphela elingamsiza ...'

2.12 Ngokwalesi siqeshana osifundile isu lomseshi lokugqoka inyumfomu yamanesi lalizoletha luphi usizo emndenini kaCeli? (2)

2.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo ngumbhali emgqeni wesi-5 ukuya kowe-10. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.14.1 uMjwayeli | A wayesika izidwaba azidayise |
| 2.14.2 uSimakade | B wayesebenza noManyoba |
| 2.14.3 uDoda | C wayeyinkosi yaseMaChunwini |
| 2.14.4 uMaNdlovu | D wafundela ukuba ummeli |

(4 x 1) (4)

2.15 Yimiphi imiyalezo eyethulwa umbhali kule noveli? Bhala OKUBILI. (2)

2.16 Ukuba wena wawunguFanyana wawuyothini kuMaNene uma ekutshela ukuthi akafuni umama wakho athandaze emzini wenu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

2.17 Chaza ukuthi kungani uzwelana nendodakazi kaManyoba kulesi simo sayo sokungalitholi ithuba lokufunda? (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

'Hhayi, hlala nje ngizovula nansi iwadilobhu ngicashe kuyo.' Nempela wasithela uTholakele. Wazibhekisa phansi uBheki. Amehlo ayelokhu entshontsha lapho kusithele khona uTholi. Washeshe waqeda ukugqoka uTholi. Waphuma esegqoke ingutshana elulwelwesi elula, eyayikuveza konke eyekugqoke ngaphansi. Amabele wayengasawabophile. 'Unazo izingane?'
'Cha, ngangingakamtholi umntwana. Ubuziswa yini?'
'Ngibona amabele akho emi sengathi awetshitshi.'
'Uyazi ukuthi kuthiwa uma iso likuhlupha likhiphe?'
'Awami ngeke ngiwakhiphe, angibonisa izinto ezinhle zodwa.'
Kuthe uma esebeke amabhodwe **eziko** uTholi, waletha isiphuzo kuBhekani.
'Wenzani, uzongichithisa?' Kubuza uTholi ngenkathi ebeka isiphuzo embhedeni phambi kukaBheki. UBheki wayesuke wagaxa isandla phakathi kwamabele kaTholakele.
'Ngiyaxolisa. Ngeke ngisakuthinta ngaphandle kwemvume.' Babehleli phansi futhi bebhekene uTholi noBheki.
'Manje ucabange kanjani ntokazi?'
'Kukuwe mngani wami. Uma ubona ukuthi awuzukuzifaka enkingeni ngokusondelana nami, mina ngikhululekile. Uma sekufika uBhatomu uyomisa kanjani?'
'Phela ngizimisele ukukufela manje. Angizimisele ukuvinjwa abantu abanjengoBhatomu endleleni yami.'
Ngale nkathi uTholi wayesusa izitsha zokuphuza ezibeka etafuleni, uBhekani elokhu embuka ehla enyuka. Le ngubo ekhanyayo yayisuke imgulise uBhekani. Isimo sikaTholakele yayisibeka obala.

3.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyayenziwa nguTholakele ngesikhathi ecashe ngesicabha sewadilobhu? (1)

3.2 Waphuma esegqoke kanjani uTholakele ngemuva kokushintsha? (1)

3.3 Wayenezingane ezingaki uTholakele? (1)

3.4 Bhala into eyenziwa nguBhekani ngenkathi uTholi eletha isiphuzo. (2)

3.5 Tomula inkulumo ekhombisa ukuthi uTholakele usekulungele ukuthandana noBhekani. (2)

3.6 Umama kaBhekani wayefuna ukuthi indodana yakhe ishade noLindiwe. Kungani umama kaBhekani wayengamfuni uTholakele? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.7 Yiziphi izizathu ezenza ukuthi uBhekani afune ukubuqeda ubungani phakathi kukaTholakele noPamella? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.8 Chaza ukuthi wamukeleka kanjani uLindiwe ngesikhathi efika kubo kaBhekani ezoxolisa. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.9 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana?

Kuthe uma esebeke amabhodwe **eziko** uTholi, waletha isiphuzo kuBhekani. (1)

3.10 Uyavumelana yini nokuthi umxoxi kule noveli uwuhlobo lomlandi olubizwa ngosazikonke (umlandi wesithathu)? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.11 Hlaziya le noveli: Umshado, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:

Bhala iphuzu ELILODWA ngesihlokwana ngasinye.

3.11.1 Uvuthondaba (2)

3.11.2 Isisusa sodweshu (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

'Nangu umfazi wokushadwa,' kusho uBheki ekhulumela phansi. Lumuthi heqe uvalo uma ekhumbula ukuthi unina akafuni nakumbona uTholi lo. Akhumbule indaba yenzilo uBheki. Athi esacabanga kanjalo afike uTholakele. Babingelelane. UTholakele aqabule uBheki. Ethuke uBheki. 'Kahle bo, abantu bazothini?'
'Abantu baphi?'
'Laba abahamba lapha ezweni.'
'Kahle wena Bheki. Kanti ukhuluma ngabantu ongabazi nokuthi obani?' Imxake le ndaba yesibindi sikaTholi uBheki. Naye aziqinise. Bahambe uTholi abuye amgaxe uBheki. Aziqhuthulule izandla ezimgaxile uBheki. Ahleke uTholi.
'Namuhla uzolala kwami Bheki.'
'Kwakho?'
'Kwami. Ngifuna kuze kuse sibhekile.'
'Senzani?'
'Ungazihluphi wena. Uyobona khona.'
Imethuse le nto eshiwo uTholi uBheki. Uma engayi ekhaya uyothi ubekuphi kuLindiwe nakunina? Abone ukuthi kuzofuneka azame isu lokuphunyuka kuTholi. Bahamba nje bathule; uBheki kuphela odla amathambo ekhanda. Bafike endlini. UTholi akhiphe izimpahla aziphethe.
'Nakhu engikuphathele khona Bheki.' Athathe uBheki. Aqaqe le mpahla. Amayembe kanokusho amahlanu nontanjana bakhona.
'Hawu Tholi!' agxume uBheki adonse uTholakele amqabule. 'Ngiyabonga mntakwethu.' UBheki waluzwa uthando lukaTholi lugcwala swi. Azibukisise lezi zimpahla. Zinhle ngendlela emangalisayo. 'Wezwa ngobani ukuthi ngashelwa zimpahla?'
'Umuntu uyazazela usizi lwento yakhe Bheki.'
Abuyele kwasifuba kuBheki. Acabange isu lokuphunyuka manje.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha Pheqa ikhasi

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.12 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyadala ukuthi izimpahla zikaBheki zishe zonke kuwodilophu? (2)

3.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo ngumbhali emgqeni wesi-5 ukuya kowe-15. (2)

3.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 3.14.1 uJazibomvu | A wayengumngani kaTholakele |
| 3.14.2 uZenze | B ayehlupha uTholakele ngesikhathi esesibhedlela |
| 3.14.3 amaphoyisa | C wathatha imali yamalobolo |
| 3.14.4 uPamela | D wayedayisa izibhamu zokuzakhela |

(4 x 1) (4)

3.15 Yimiphi imiyalezo eyethulwa umbhali kule noveli? Bhala OKUBILI. (2)

3.16 Ukuba wena wawungomunye wabangani bakaBhekani oyazi yonke imikhuba kaTholakele wawuyothini kumngani wakho ngezinto ezimbi ezenziwa yintombi yakhe? Bhala OKUTHATHU. (3)

3.17 Chaza ukuthi kungani uzwelana nomndeni wakubo kaBhekani mayelana naleli hlazo elenzeka/owangena kulo ngosuku lomshado? (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

*(Emzini wekhansela, uDuma. UDuma uhleli esigcakini nomkakhe uMaShezi, bayaxoxa)*

MASHEZI: *(Uyahleka, ushaya izandla sakubabaza)* He! He! He! Mina lo MaShezi, sengingumama oyinkosikazi yekhansela! Bonke abafazi bale ndawo sebengibingelela sengathi babona inkosikazi yenkosi. *(Aphinde ashaye izandla)* Hhawu! Hamba mzabalazo!

DUMA: *(Emamatheka)* We! Nina bafazi nijatshuliswa wubala ngempela. Nifana ncimishi nezingane.

MASHEZI: *(Ebuka umyeni wakhe emehlweni)* Ha! Ha! Ubani ongayeka ukujabula esesimweni esifana nesami? Uthi wubala baba uqala ukuhola le mali osuyihola? Angithi ngikhuluma nje usuyakhulekelwa wena.

DUMA: *(Ubuso bushintshe buhwaqabale)* MaShezi! Lokho-ke yikho okungihluphayo. Osibhincamakhasana bayasho ukuthi inkosi yendawo uShandu, akeneme futhi bathi ukubeka kucace ukuthi mina sengicabanga ukuthi sengiyinkosi. Eqinisweni angazi ukuthi inkosi ikhathazwa yini ngoba ngakhethwa ngabantu. Angiyona inkosi, kodwa yimi olawula intuthuko yalapha endaweni yakithi.

MASHEZI: Amakhosi aphelelwe yisikhathi manje. Phela intando yeningi iphoqa ukuthi abaholi mabakhethwe ngabantu. Inkosi yakhethwa nini-ke yona? Suka lapha! Musa nje ukulokhu ucabangana nabantu abasatatazeliswa ngukuchithwa yisikhathi.

DUMA: Kuzocaca maduze nje ngoba izinhlelo zentuthuko sezizoqala kungekudala. Kufanele ngihlele imihlangano yomphakathi kodwa mina ngeke ngilokhu ngiyotatazelela inkosi ngicelana nelungelo lokubiza imihlangano. Angithi yona ifuna ukubikelwa, incengwe ngisho noma umuntu ezokwenza idina lodwa leli.

4.1 Ngokwalesi siqeshana ujatshuliswa yini uMaShezi? (1)

4.2 Bhala amazwi noma inkulumo ekulesi siqeshana etshengisa ukuthi uDuma akabahloniphi abantu besimame. (1)

4.3 Yisiphi isizathu esabangela ukuthi uDuma angayinaki indaba yokucela enkosini uma ezobiza imihlangano? (2)

4.4 Bhala OKUBILI okwakwenza uDuma angajabuli kahle hle ngesikhundla sakhe ngokwalesi siqeshana. (2)

4.5 Yini eyayenza inkosi uShandu ibe nozwelo ngokuboshwa kukaDlamini? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.6 Nikeza izizathu ezenza ukuthi inkosi uShandu ingahambisani nentando yeningi. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.7 UMbandlwa wayeba nolaka njalo uma ekhuluma nenduna uDlamini. Kwakubangelwa/kwakudalwa yini lokho? (2)

4.8 Kwaba namthelela muni ukushona kukaMbandlwa noDlamini kulo mphakathi okuxoxwa ngawo kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.9 Isigameko sokulawula/sokuphatha umhlangano woxolo ngempumelelo simveza njengomuntu onjani uMfundisi uMazongolo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.10 Xoxa ngeqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguSayitsheni kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Abantu abanjengomlingiswa uDlamini basekhona esikhathini samanje. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

*(Kusekilasini lokufundela esikoleni. Kunezihlalo eziningana zibekwe zahlelelwa umhlangano. Phambili kunetafula okuhleli emva kwalo uDuma noMbandlwa. Bayaxoxa.)*

MBANDLWA: Namuhla olwamanqamu. Imilomo yoDlamini izovaleka ngoba abantu bazokhuluma njengoba bakhuluma mhlazane bevota.

DUMA: Akukho okunye. Namuhla kunamuhla. Uyabona leli kilasi sengathi lizoba yinkinga ngenxa yobuningi babantu abazofika bezothamela lo mhlangano. Phela thina asizile ukuzoqoqa imali yabantu kodwa sizobanika isihlonti abantu.

MBANDLWA: Akusona nesihlonti kodwa yilanga. Mina intuthuko ngiyifanisa nelanga lona eliphuma maqede kujabule yonke into esemhlabeni. Ngisho nalabo abangamazisi uJehova kodwa bayajabula. Kanjalo nalapha kule ndawo labo abebengayingeni eyakho bazothokoza maqede bayingene shiqe! Ngempela bazokuthanda. Uqale kahle impela. Uyabona eyamanzi ingungqa phambili.

DUMA: Umuhle wena ngoba uphila ngethemba. Nomuntu osondelene nawe uyakhuthazeka.

***(Kuzwakale abantu abahhomuzelayo phandle.)***

DUMA: Mbandlwa, sebekhona abantu lapha ngaphandle. Awubatshele bangene.

MBANDLWA: *(Asukume aqonde emnyango.)* Bakwethu! Bakwethu, ngenani bo! Ikhansela selimi ngomumo.

***(Abuyele etafuleni. Nabantu bangene kodwa bayidlanzana nje.)***

DUMA: *(Asukume.)* Ngiyanibingelela bakwethu! *(Bavume abantu.)* Sekuyiso isikhathi lesi sokuqala umhlangano oyingqophamlando. Besicela uMbandlwa asivulele ngomthandazo.

MBANDLWA: *(Asukume nabantu basukume.)* Masivaleni amehlo. Baba oseZulwini, siyabonga ngokusivikela silele ebusuku. Uphinde usinike amandla nomdlandla wokusukumela izinto ezizosithuthukisa. Manje-ke Baba wethu sisize ngomoya wakho oyiNgcwele ukuze sikwazi ukubonisana ngomoya omuhle. Baba hlehlisa amadimoni angasihlasela. Konke lokhu sikucela ngegama lenkosi uJesu Kristu, Amen.

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.12 Ngubani lo Mbandlwa okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

4.13 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka kulesi siqeshana esingenhla. (3)

4.14 Xoxa ngesixazululo salo mdlalo. Bhala ngephuzu ELILODWA. (2)

4.15 Bhala izigameko EZIMBILI ezithinta uDuma nezimveza njengomlingiswa owayezama ukwenza umsebenzi wakhe ngendlela efanele. (2)

4.16 Ngokucabanga kwakho kwayithinta kanjani impilo kaMbandlwa ukuzwana nekhansela uDuma? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.17 Uyazwelana yini nomlingiswa onguShandu kulesi simo abhekene naso kulo mdlalo sokusuka kothuthuva/sokungezwani endaweni abusa kuyona? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

4.18 Inkulumo-mpendulwano isebenze kahle kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

*(USonto uhleli kwakhe, ucabanga ngosizi emva kokuzwa ngokululama kukaMfundisi. Imicabango yakhe isiphazanyiswa ukungena kukaMbhele endlini.)*

MBHELE: *(Ememeza.)* Sonto, Sonto ukhona yini?
SONTO: Yebo ngikhona Mbhele.
MBHELE: Kanti awuyanga yini ukuyolanda uMfundisi esibhedlela?
SONTO: Cha, angibange ngisahamba.
MBHELE: Yini indaba?
SONTO: Bese sibaningi kakhulu, ekubeni itekisi ibiyodwa. Kwenzanjani, wahlahla amehlo?
MBHELE: Ngiqeda kukhuluma noMaNsibande nababuya esibhedlela.
SONTO: *(Ngokuthuka.)* Batheni?
MBHELE: UMaNsibande ungitshele ukuthi bathole umfundisi eseshonile.
SONTO: Ini?
MBHELE: Usho njalo impela.
SONTO: Kanjani? Ingani ubeseluleme eseyolandwa?
MBHELE: UMaNsibande namalungu ebandla bebedabuke kabi.
SONTO: *(Ngokukhululeka.)* UNkulunkulu uhlela ngendlela yakhe.
MBHELE: Indaba kamfundisi yaxaka nje iqala.
SONTO: Uphumule umfundisi.
MBHELE: Hhayi, kunzima nokho ukuyikholwa le ndaba. *(Ebuka iwashi.)* Cha, ake ngibaleke, bengedlula ngithi angikulunguze nje ngoba indlela eya edolobheni idlula ngapha.
SONTO: *(Emoyizela.)* Kanti ubungedluliswa yinkumbulo?
MBHELE: Bengedluliswa yiyona.
SONTO: Pho kawusangiqabuli nakancane nje ukuze ngikholwe ngempela?
MBHELE: *(Esondeza izindebe.)* Bengilindele wena ukuthi ungiqabule kuqala. *(Babambane baqabulane. Abuye avalelise uMbhele. Asale uSonto. Bese ephazanyiswa ukungqongqoza.)*
SONTO: Ngena!
*(Kungene uMthofi. Kuthi akazibulale uSonto.)*
MTHOFI: Hawu, wadinwa wangibuka kabi nje uma ngingena?
SONTO: Kufanele ngabe ngenzenjani?
MTHOFI: Kufanele ngabe uyangibingelela, hhayi ukungibuka sengathi ubona inja nje ezokubangela isicefe.
SONTO: Vele uyinja nje.
MTHOFI: *(Ehleka kakhulu.)* Sengathi usheshile nje ukungibiza ngenja.
SONTO: *(Ehlahla amehlo.)* Uchaza ukuthini?
MTHOFI: Ngichaza ukuthi ingane yakho uzoyiswela. Kayizukubuya namhla esikoleni.

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.1 Ngokwalesi siqeshana iphazanyiswe yini imicabango kaSonto? (1)

5.2 Bhala amazwi noma inkulumo ekulesi siqeshana esitshengisa ukuthi uMbhele uyamangala ukufica uSonto esendlini. (1)

5.3 Yisiphi isizathu sangempela esabangela ukuthi uSonto angabe esahamba nababeya esibhedlela? (2)

5.4 Bhala OKUBILI okwakwenza uSonto angakujabuleli ukufika kukaMthofi kwakhe ngalolu suku. (2)

5.5 Yini eyayenza ukuthi uMbhele abe nozwelo ngoMfundisi? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.6 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uSonto ashaywe uvalo uma uMthofi ekhuluma ngengane yakhe noMbhele. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.7 UMthofi wayeba nolaka njalo uma ekhuluma noSonto. Kwakubangelwa/ kwakudalwa yini lokho? (2)

5.8 Kwaba namthelela muni empilweni kaMbhele ukuphuma kukaMthofi ejele? Sekela impendulo yakho. (2)

5.9 Isigameko sokudutshulwa koMfundisi simveza njengomuntu onjani uSonto? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.10 Xoxa ngeqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguToronto kulo mdlalo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.11 Abantu abanjengomlingiswa onguMthofi basekhona esikhathini samanje? Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

*(Emva kwesikhashana lukhale futhi ucingo lukaSonto. Aluphendule.)*

MTHOFI: Sesiyibulele le nja yakho.
SONTO: Niqinisekile ukuthi ufe ngempela?
MTHOFI: Hawu, ngingakufonelelani uma ngingenasiqiniseko? Umbuzo onjani nje lowo?
SONTO: Cha, ngifuna ukuba ne-*sure* ukuthi konke kuhambe kahle.
MTHOFI: Yizwa ngami, konke kuhambe kahle.
SONTO: Niwenze kanjani umsebenzi?
MTHOFI: *(Ehleka.)* Eyi, kasidlali thina. Simhlabe ngamalambu, sayimisa imoto yakhe. Ube wukuma nje kasabe sisalinda lutho. Mina-ke njengomuntu owayekade ebadubula ngibe sengimdubula.
SONTO: Wafa?
MTHOFI: Kanti uzwa kanjani? Kangithi ngikubingelele ngokuthi ufile?
SONTO: Ngikuzwile uthi ufile. Into nje ngifuna ukwazi ukuthi …
MTHOFI: Zwana ngami-ke, ufile uMbhele. Imoto yakhe siyishiye ingamalangabi.
SONTO: Yena?
MTHOFI: Ubengasinda kanjani nje uma ucabanga? Naye ushe waba umlotha. Nina nizongcwaba umlotha.

Downloaded from Stanmorephysics.com


SONTO: Kuhle-ke, yenzani isiqiniseko sokuthi akusali bufakazi.
MTHOFI: Ngikutshelile ukuthi *relax* yonke into ihlangene.
SONTO: Kulungile ngizonithinta ngokuqhubeka kwesikhathi.
MTHOFI: Sesiwuqedile owethu umsebenzi.
SONTO: Ngiyabonga.
MTHOFI: Asifune kubongwa ngomlomo. Sifuna imali osethembise yona ihlale esandleni.
SONTO: Khululeka, nizoyithola ngokushesha.
MTHOFI: Makube njalo-ke. Tshela abantu bomshuwalense labo ukuthi kabalungise izinto ngokushesha, ziphume izimali sithole okungokwethu.
SONTO: Khululeka, imali izophuma ngokushesha.
MTHOFI: Sengathi kungaba njalo ngoba sesikhathele indaba yakho. Uma kulibala, sizodubula wena manje.
SONTO: Kahle Mthofi, kakukhulunywa kanjalo.
MTHOFI: Bengikwexwayisa nje. Nakhu okunye engikwexwayisa ngakho ...
SONTO: *(Ethuka.)* Yini manje?
MTHOFI: Ungalinge ubhayize.
SONTO: Ngibhayize? Kanjani?

5.12 Ngubani obizwa ngenja kulesi siqeshana? (1)

5.13 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka kulesi siqeshana esingenhla. (3)

5.14 Xoxa ngesixazululo salo mdlalo. Bhala ngephuzu ELILODWA. (2)

5.15 Bhala izigameko EZIMBILI ezithinta uNhleko nezimveza njengomlingiswa okwazi ukwenza umsebenzi wakhe ngempulelelo/kahle. (2)

5.16 Ngokucabanga kwakho kwayithinta kanjani impilo kaToronto ukuzwana noMthofi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Uyazwelana yini nomlingiswa onguSonto kulesi simo abhekene naso kulo mdlalo sokuhlukunyezwa uMthofi efuna imali yakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.18 Inkulumo-mpendulwano isebenze kahle kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
**[35]**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(UZungu noMaMbatha bayaxoxa endlini)*

MAMBATHA: Uyagula yini baba awakhuluma nje namuhla?
ZUNGU: Usebuyile yini umakoti?
MAMBATHA: Akakabuyi. Kusho ukuthi ngabe uphethwe kabi ukuhamba kwalolu hlanya lwengane?
ZUNGU: Cha impela kwenzeke into embi mkami. Okokuqala asiyazi nokuthi iphi le ngane. Kokunye izithele phezu kwezigebengu zayenzakalisa.
MAMBATHA: Phela lapho ngabe umvundla ziyawunqanda phambili. Yona yini ingasilaleli uma siyitshela ngesiko lesintu.
ZUNGU: Namasiko lawa asefuna ukubhekisiswa. Sengathi akhona asephelelwa yisikhathi manje. Amanye kufuneka achazwe kahle aziwe yibo bonke abantu.
MAMBATHA: Ubona sengathi umakoti akalazi leli siko. Ulazi kahle uyazihlanyisa.
ZUNGU: Mina ngibona sengathi sinecala manje.
MAMBATHA: Icala lani? Musa ukudlala wena Manzini. Phela thina asiyixoshanga le ngane lapha ekhaya. Izihambele. Uyangizwa? Izihambele.
ZUNGU: UMsindo onjengalo uzosixabanisa namadlozi.
MAMBATHA: Nawo ngabe ayaganga lawo madlozi. Angayeka ukubuyisa uhlanya lukamakoti, axabane nathi? Kanti awalazi yini wona leli siko esilitshela le ntombazane.
ZUNGU: Mina ngisafuna ukuhlala phansi ngiyichazele kahle intombazane. Kokunye uma isizwe kahle iyobubona ubuhle baleli siko.
MAMBATHA: Wena ubona sengathi izokulalela njengoba isiwumdlwembe nje? *(Athi ukuhleka)* Kodwa ungichazile uDumisani. Wajika eduze njengenkalankala.
ZUNGU: Nami ungimangazile impela lo mfana.

| | | |
|---|---|---|
| 6.1 | Ngokwalesi siqeshana yini ephethe kabi uZungu? | (1) |
| 6.2 | Bhala amazwi noma inkulumo ekulesi siqeshana etshengisa ukuthi uMaMbatha simjabulisile isenzo sikaDumisani. | (1) |
| 6.3 | Yisiphi isizathu esabangela ukuthi uThenjiwe angabe esayinaka indaba yokucela imvume emzini uma ezoya kubo? | (2) |
| 6.4 | Bhala OKUBILI okwakwenza uThenjiwe angajabuli ngaleli siko aphoqwa ngalo ngokwalo mdlalo. | (2) |
| 6.5 | Yini eyayenza uZungu abe nozwelo uma ekhuluma ngendaba kaThenjiwe? Bhala iphuzu ELILODWA. | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.6 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uDumisani agcine eshintshe umqondo wakhe esebona kufanele angene inkosikazi yomfowabo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.7 UMaMbatha wayeba nolaka njalo uma ekhuluma noZungu ngodaba lukaThenjiwe. Kwakubangelwa/kwakudalwa yini lokho? (2)

6.8 Kwaba namthelela muni empilweni kaNondumiso ukwesekela kwakhe uThenjiiwe ezinkingeni ayebhekene nazo emzini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.9 Isigameko sokuzama ukubulala uDumisani ngoshevu simveza njengomuntu onjani uThenjiwe? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.10 Xoxa ngeqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguThabi kulo mdlalo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

6.11 Abantu abanjengomlingiswa onguMondise basekhona esikhathini samanje. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

*(Kukubo kaThenjiwe, baphumile bami phandle bebona umuntu ozayo ohamba ekhala)*

MONDISE: Kodwa nithi uza lapha ekhaya lo muntu?
MAMKHIZE: Sengathi. Kodwa uyambona baba ukuthi ubani?
THENJIWE: Sengathi umuntu omdala nje.
MONDISE: Ngabe kushone bani pho?
MAMKHIZE: Uza lapha impela. Hawu nkosi yami. Kodwa ngabe ukufa kusifunani lapha ekhaya?
THENJIWE: Sengathi umamezala lo? Uyena impela.
MONDISE: UMaMbatha?
THENJIWE: Uyena kanye baba.
MAMKHIZE: *(Amemeze)* Siphuthume bo! Sekugadlephi ukufa na?
MAMBATHA: *(Ebalisa)* Yeka ngengane yami. Nokwenza isisele iyodwa vo.
MONDISE: Iyiphi-ke leyo ngane?
MAMBATHA: *(Ekhala)* UDumisani *(Hhi … hhi)* zimgwazile izigebengu zikamakoti. *(Hhi … hhi)*
MONDISE: Umakoti waphi?
MAMBATHA: Yena *(Hhi … hhi)* lo. *(Akhombe uThenijiwe)*
MAMKHIZE: Zimgwaza kuphi? Nini? Hhawu weSimakade! Uyaphila?
MONDISE: Kahle ngemibuzo eminingi kangaka. Ngeke siluzwe kahle udaba. Ugwazwe ubani uDumisani?
MAMBATHA: *(Hhi … hhi)* Isoka likaThenjiwe *(Hhi …)*
THENJIWE: Hhayi bo! Anginasoka mina. *(Ethukile)*
MONDISE: Kodwa yini le oyenzayo Thenjiwe? Usuhambe wafuna abantu ukuba bagwaze umfowabo kamkhwenyana. Khona ungamfuni usungambulala pho?
MAMKHIZE: Hawu Sebawoti. Kanti umuntu uyophumula nini emhlabeni. Ushonile yini umfana?

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | |
|---|---|
| MAMBATHA: | Usesi … bhe … dlela. Ugulela ukufa. Bamlalele endleleni. |
| THENJIWE: | Bakwethu, akalalelwanga endleleni. Bekula … |
| MONDISE: | *(Ngolaka)* Usenesibindi sokukhuluma usubulele umuntu? Lunga kuyobonwa lo muntu ofayo. |
| MAMKHIZE: | Ugwazwa yiyo intokazi njalo? |
| MAMBATHA: | Kusobala ukuthi yisoka layo. Sengiyabona ukuthi ilwa kangaka nje nesiko le ngane isizitholele ezomgana. |
| THENJIWE: | Anginasoka mina. Akukho *(Akhale)* muntu engizomgana. UDumisani ulimale uSipho engivikela. |
| MAMBATHA: | Kade ngezwa mina ngalo Sipho. Cishe yafa ingane yami. |

6.12 Ngubani lo Sipho okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

6.13 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka kulesi siqeshana esingenhla. (3)

6.14 Xoxa ngesixazululo salo mdlalo. Bhala ngephuzu ELILODWA. (2)

6.15 Bhala izigameko EZIMBILI ezithinta uMaNzuza nezimveza njengomlingiswa onezeluleko ezinhle/ezakhayo. (2)

6.16 Ngokucabanga kwakho kwayithinta kanjani impilo yabakwaZungu nabakwaMondise ukuvuma kukaThenjiwe ukungenwa nguDumisani? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Uyazwelana yini nomlingiswa onguMondise kulesi simo ayebhekene naso kulo mdlalo sokubuya kwendodakazi yakhe emzini? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

6.18 Inkulumo-mpendulwano isebenze kahle kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2

**UMBUZO 7**

7.1 **'USIHAWU NESIHAWU' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

'Hawu, Bathobile, ubekwa yini lapha mntakadadewethu? Madoda, kanti ngabe leli so lidikizela nje kukhona elingibikela khona? Ngisheshisele, kukhona yini osekukwehlele Mntanami? We MaZulu, ake uthi gqi lapha bo!'
'Yebo ngiyeza Baba; ngisasakazela izinkukhu umgqakazo.'
Angene maqede umalumekazi, athi nhla uBathobile ashaye isikhwehlelana esincane. UBathobile amane azibonele nje ukuthi ayidumi kanje uma izosuka.
'Yini Bathobile? Ungasho ukuthi usuhlulwe umsebenzi? Ucabanga ukuthi uzophila ngani na mame?' kubuza umalumekazi wakhe ephubuza isicephu ehlala phansi.
**Asithathe futhi isililo** uBathobile. Kumane kumcacele nje ukuthi uma izinto zihamba ngale ndlela, kusho ukuthi ngempela ishwa linaye. Kusobala ukuthi nendaba kaSihawu abesebambelele kuyo ayizukulunga. Kodwa uzohlalela izinkulumo ezinjengalezi afe nini?
'MaZulu, MaZulu, uma uthi uyabukisa ngengane kadadewethu, khohlwa ngoba awunazo izibukeli. Ngicela uvele uyeke, ngoba njengoba uthunuka amanxeba ayo nje, nakimina kubuhlungu. Okudlula lapho, ngizosuka ngikwenze into ongazange uyibone.'
Kube ubumayemaye umalumekazi esesho ukuhamba yena lapha ekhaya. Indaba ize ingenelwe unina owazogana naye, ngoba wayezele yena yedwa. Akhuze uhlanya lwakhe ukuze indaba iqhubeke. 'Bathobile, mntanomntanami, xola. Sesikubingelela kabi sikuthunuka amanxeba avele esopha. Phephisa ngane yami. Kodwa-ke unjani?'

7.1.1 Ngokwalesi siqeshana wayenzani uMaZulu ngesikhathi ebizwa umalume kaBathobile? (1)

7.1.2 Bhala imibuzo EMIBILI uMaZulu ayibuza uBathobile kulesi siqeshana. (2)

7.1.3 Bhala umusho ophelele okulesi siqeshana okhombisa ukuthi umalume kaBathobile wayehlukumezeka naye emoyeni ngesenzo sikaMaZulu. (2)

7.1.4 Chaza kafushane ukuthi kwenzekani ehlathini ngesikhathi uBathobile ehlangana noSihawu. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.5 Ngubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.6 Xoxa ngodweshu lwangaphakathi emva kokuba uSihawu etshelwe ngudokotela ukuthi akanayo inzalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.7 Bhala ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi sichaza ukuthini?

**Asithathe futhi isililo** uBathobile.

A Abaleke aphindele emuva
B Akhale kakhulu futhi
C Aguqe athandaze yedwa
D Ahleke kakhulu futhi (1)

7.1.9 Uyazwelana yini nomlingiswa ongumama kaMaZulu kule ndaba ngesimo abhekene naso mayelana nokuziphatha kwendodakazi yakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

7.2 **'MHLA LIDUMA LADUMA' – MJ Mngadi**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Wamlandela uMaNyambose. Emva kwesikhashana noNyandeni owayesaquviswe yindaba yencence wabhodla, wacula. Uma ungababonanga wawungafunga uthi kwakukhala ipuleti elithile labaculi bodumo. Zakhala futhi izinsimbi zibika ukuqhubeka kohambo lohazane. Intokazi eyayikade ithethisa uLaduma yadonswa umculo yazethuka isingena ekhompathimentini ababekuyo. Yafaka imithwalo ngaphansi kwesihlalo eside esasinoLaduma, yahlala yazotha isonge izandla. Yapha indlebe ukudla komculo lapho inyakaza indlu ababehlezi kuyo, iqhuma kancane insimbi phansi, kusala izindlu nezigxobo zikagesi efomu. Bathi ukuba baliqede ihubo, wayibingelela uMaNyambose, wazethula nomyeni wakhe, ithuba baledlulisela kuLaduma naye owayazisa nangoLaphazima. UPhakathi wawuhlaba inhlali. Yazethula-ke nayo intokazi ngokuthi yayiwuMaDuma, uNomvula, owayendele kwaMkhizwana.
'Awuzwe, awuzwe! Yahlangana idabuli!' Washo evuka uPhakathi evula isikhwama sakhe, ekhipha umancishana webhodlela likagologo obomvu, elivula elincela. Waphuza, wahlina, walibeka eceleni kwakhe, wayeselala **eshaya amanhlakomuzi**.
'Ake nimuzwe-ke lo muntu bakithi edlokodla umoya kadadewethu engena ngakho kodwa nje! Sicula nje sithi sipholisa umlilo wochuku lwakhe ngencence. Ahlangene kuphi-ke amadabuli uma kungena umuntu wabantu, njengoba nimbona nje umalokazana nezindandatho?' Washo uLaduma bazibuka zigcwele umunwe zimanyazela amadayimane.
UPhakathi waziphendulela ngokuthi, 'Ngisho phela Ndodana ngoba wena uthe unguLaduma Mafu. NinoNoziphepho nazibula ngomzukulu lo osazumekile uLaphazima.'

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.1 Yini eyayicasule uNyandeni? (1)

7.2.2 Ngubani le ntokazi eyadonswa umculo owawuzwakala ekhompathimentini? (1)

7.2.3 Yikuphi OKUBILI okwenziwa intokazi emva kokungena kwayo ekhompathimentini? (2)

7.2.4 Chaza kafushane okwehlukile okwenziwa uPhakathi ngesikhathi abanye bezethula. (2)

7.2.5 Indikimba yale ndaba emfushane ubugebengu. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi sichaza ukuthini?

Wayeselala **eshaya amanhlakomuzi**.

A Walala zwi embhedeni wabheka phansi
B Walala wangazumeka kahle embhedeni ebusuku
C Walala wabheka phezulu emise amadolo
D Walala ephenduphenduka kwaze kwasa embhedeni (1)

7.2.7 Phawula ngesingeniso sale ndaba emfushane. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.8 Iyini inhloso yombhali ukusibhalela le ndaba emfushane? (2)

7.2.9 Isenzo somlingiswa onguLaduma sokusebenzisa ingane ekwenzeni izenzo zobugebengu asamukeleki. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.10 Uyavumelana yini nombono wokuthi uLaduma wayenobuhlakani ekwenzeni ubugebengu bokushushumbiswa kwamadayimane? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA*** **– EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2

**UMBUZO 8**

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**KUYOSALA IZIBONGO – TB Qwabe**

Wayengathethi manga okaNdaba
Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
Kula mathafa ezwe lethu kwake kwaphila izinsizwa,
Ezazigijima mzila munye nezinyoka ezibulalayo,
Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo,
Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.

Ekuhambeni kwami nginqamula izwe lakithi,
Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo,
Notshani kukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
Ngibona amaqhawe akithi evunule ngamabheshu,
Ezandleni ebambe amahawu amaqhabanga namaklwa,
Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,
Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,
Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.

Ngiwabona ethi shalushalu,
Egane unwabu, ngifung', uNonhlanhla kababa,
Elwa engakhokhi moya noma seyaphela impi,
Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga,
Futhi kungekho namunye owathi shwele.

8.1.1 Tomula umugqa ovulekile kule nkondlo. (1)

8.1.2 Ngokwale nkondlo yayinobungozi indawo ayehamba kuyo amabutho. Bhala imisho EMIBILI efakazela lokhu. (2)

8.1.3 Isigqi sale nkondlo siyanensa. Fakazela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.1.4 Tomula imvumelwano siqalo etholakala esitanzeni sesi-2. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Hlobo luni lwenzwa (sense) olutholakala kulo mugqa?

Esho ingoma yempi **esenukelwa yigazi**:

A Inzwa yokunambitha
B Inzwa yokuthinta
C Inzwa yokuhogela
D Inzwa yokulalela (1)

8.1.6 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kulo mugqa olandelayo?

Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo, (2)

8.1.7 Yini eyayibangela amabutho ukuthi angakutholi ukuphumula noma impi seyaphela kudala? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.1.8 Ngokubona kwakho yiziphi izinto EZINTATHU okwakufanele zenziwe ukujabulisa amabutho uma sekuphele impi? (3)

8.1.9 Ucabanga ukuthi yibuphi ububi obudalwa yizimpi ezindaweni/emiphakathini esuke ilwa? (2)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UNOZIDUMO – LMMS Madondo**

Ngikubonile mntanomuntu uyiphaka,
Ngikubonile nkosazana uyididiyela
Ngikuzwile mntanomfazi uyiyalela
Ngikuzwile ngane yabantu uyikhakhabeza.

Uyiphake angakholwa nkosazana,
Uyisuse kwelakini koMelika
Wayisingisa kwelenkolo koSadamu,
Uyiphake yadl' amadoda mame,
Uyiphake kwasuka izidumo Nozidumo

Uyiphathise omkhulu umyalezo,
Kashongo njalo okaBush!
Uyididiyele ntokazi yase-Afrika,
Wayijuba mame omnyama,
Kwagxabhazela izisu emadodeni.
Uyididiyele kwaphela izinseka
Zobumame obumumatha izinyanga,
Abantwana babantu abazocoboshiswa.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com

Uyiphakile Nozidumo wakithi,
Wanamathela kwabakhulu bakho,
Wayikhomba engahlehliyo,
Wayisingisa kuNtshebende
Iphume ekamabuyaze eyakho,
Wayisingisa koSadamu
Ngolaka nesankahlu seluxu,
Lokwahluleka kuNtshebende,
Wayikhomba ngolaka oluphindiwe,
Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.

Izidumo ezingaka uzisusa ngaliphi?
Ulaka olungaka uluthathaphi?
Isibindi esingaka wasifuziswaphi?
Izindimbane ezilele kobandayo?
Ngelakho izwi Nozidumo elinonya,
Ngabe wunya lobugqila boyihlomkhulu?
Babenzeni uma bezicijela imikhonto yabo?
Kakade igquzelwa ubisi lwayo.

8.2.1 Yini le eyayiphakwa nguNozidumo ngokwale nkondlo? (1)

8.2.2 Phinda ubhale imigqa enokuxhumana esigabeni sokuqala bese udwebela amagama lawo akhomba ukuxhumana. Shono ukuthi luhlobo luni lokuxhumana. (3)

8.2.3 Esitanzeni sesi-3 tomula igama elisho ukubulawa. (1)

8.2.4 Yaqala yahlaselaphi ekaNozidumo ngaphambi kokuya kuSadamu? (1)

8.2.5 Tomula amagama akha impindamqondo atholakala esigabeni sokuqala. (2)

8.2.6 Phawula ngokukhethwa kwamagama emgqeni we-14 usho ukuthi ayawudlulisa yini umyalezo wembongi. Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.7 Kunamthelela muni ukusebenzisa uphawu lokubuza esigabeni sokugcina? (2)

8.2.8 Phinda ubhale imigqa kusukela kowama-24 kuya kowama-26 bese udwebela izinhlamvu ezakha ifanamsindo longwaqa. (2)

8.2.9 Lichazani igama **lokuphaka** kule nkondlo? (2)

8.2.10 Ngumuntu onjani okuthiwa akanazo izinseka? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

